(2) Uma ukuthethweni kwecala, kuthola ukuthi lezo zinsolo okukhulunywe ngazo esigabeni 1 ziyizona, anganikeza inothisi kulowo onelayisense, ezobe itshela onelayisensi ukuthi alandela imigomo yelayisense noma okubekwe kulo Mthetho, uma kunesidingo, esikhathini esibekiwe kuleyo nothisi.

(3) Uma kunezinsolo zokuthi onelayisense wehlulekile ukulandela isaziso esigabeni (2) uMlawuli angahlala ekuthethweni kwecala bese ethatha isinqumo ngalezo zinsolo.

(4) Uma ekuthethweni kwecala kutholakala ukuthi izinsolo okukhulunywa ngazo esigabeni(3) ziyizona, anganika isigwebo semali engekho ngaphezulu kuka-R2 000 000,00 ngelanga kulolo nalolo suku okwaphulwa ngalo umthetho.

(5) UMlawuli kufanele abheke ukuthi kube kungakanani ukungala ndelwa komthetho bese-ke enquma inhlawulo ehambisana nalokho.

(6) UNgqongqoshe angashicilela ephepheni ukushintshwa kwesamba semali okukhulunywa ngaso esigatshaneni i (4) kuze avimbele ukuwa kemandla email.

Iziyalelo zenkantolo

20. (1) UMlawuli angafaka isicelo, eNkantolo ePhakeme, sokuthi kumiswe noma kuchithwe isicelo selayisense uma onelayisense ehluleke ukuqhuba imisebenzi ayenikelwe yona ilayisensi

Ukuvuselelwa kwelayisense

21. (1) Noma iyiphi ilayisense lokusebenzisa noma lokuphehla amandla kagesi elikhishwe nguMlawuli elikhishwe ngaphansi kwalo Mthetho lisebenza ngokusemthethweni iminyaka eyi-15 noma isikhathi esedlula lokho uma lokho kunqunywe nguMlawuli

(2) Noma yiliphi ilayisense lokwaba noma lokuhweba elikhishwe nguMlawuli elikhishwe ngaphansi komthethi lisebenza ngokusemthethweni isikhathi esingangaleso esinqunywe nguMlawuli

(3) Onelayisensi angafaka isicelo sokuvuselela ilayisensi.

(4) Isicelo sokuvuselela ilayisense kumele sinikezwe kodwa uMlawuli angabeka imibandela emisha noma eyehlukile kule ebikade ikhona ngaphambili.

(5) Lowo onelayisensi akakwazi ukunika omunye umuntu ilayisensi yakhe.

Amandla nemisebenzi yomuntu onelayisense

22. (1) Ilayisense ekhishwe ngokwalo Mthetho inika onelayisense igunya namandla nokuthi enze imisebenzi njengoba kubekiwe elayisenseni nakulo Mthetho, akekho onelayisensi ongayeka, ongadlulisela komunye umuntu, noma anike omunye lawa mandla noma anike omunye umsebenzi ngaphandle kokuthi aqale athole imvume evele kuMlawuli

(2) Onelayisense akangabandlululi phakathi kwabathengi, noma kwabantu bamazinga ehlukene, ngokumayelana nokukwazi kusebenzisa izinto ezikhona, ihlelo lemali yentela, amanani, kanye nezimo zokusebenza, ngaphandle uma kukhona umehluko owamukelekayo nobonakalayo ogunyazwe nguMlawuli

(3) Bonke abanamalayisense okuphehla amandla kagesi nokwaba amandla kagesi kumele, ngokwezinga elibekiwe elayisenseni, banikeze amathuba okusebenzisa izinhlelo zokuphehla amandla kagesi nokuwaba ngendlela engenako ukundlulula.

(4) Ukukwazi ukusebenzisa izinto zokusebenza ngokwesiqeshana (3), kumele kubekwe emibandeleni evezwe elayisenseni yalowo mphehli nomabi wamandla kagesi, engahambisana nalokhu—

(a) izimo okumele ukusebenzisa kuvunyelwe ngazo;

(b) izimo ezingenza ukuthi imvume yokusebenza inqatshelwe;

(c) ukuqinisa kokukhuphula izinga lezinhlelo zokuphehla amandla kagesi nezokwabiwa kwamandla ukuze abantu bakwazi ukuzisebenzisa, kubandakanya nalokho okwenziwayo ukuxhasa le ntuthuko yabantu abanokuzisebenzisa lezi zinhlelo, uma kunokwenzeka;

(d) the rights and obligations of other existing or new users regarding the use of such power systems;

(e) compliance with any rule, code or practice made by the Regulator; or

(f) the fees that may be charged by a licensee for the use of such power system.

(5) A licensee may not reduce or terminate the supply of electricity to a customer, unless—

(a) the customer is insolvent;

(b) the customer has failed to honour, or refuses to enter into, an agreement for the supply of electricity; or

(c) the customer has contravened the payment conditions of that licensee.

Powers of entry and inspection

23. (1) Any person authorised thereto by a licensee may at all reasonable times enter any premises to which electricity is or has been supplied by such licensee, in order to inspect the lines, meters, fittings, works and apparatus belonging to such licensee, or for the purpose of ascertaining the quantity of electricity consumed, or where a supply is no longer required, or where such licensee may cut off the supply, for the purpose of removing any lines, meters, fittings, works and apparatus belonging to such licensee.

(2) Any person wishing to enter any premises in terms of subsection (1) shall—

(a) if possible, make the necessary arrangements with the legal occupant of the premises before entering such premises and shall adhere to all reasonable security measures, if any, of the occupant or owner of the premises;

(b) exhibit his authorization at the request of any person materially affected by his activities.

(3) Damage caused by such entry, inspection or removal shall be repaired or compensated for by the licensee.

Electricity infrastructure not fixtures

24. (1) Any asset belonging to a licensee that is lawfully constructed, erected, used, placed, installed or affixed to any land or premises not belonging to that licensee, remains the property of that licensee notwithstanding the fact that such an asset may be of a fixed or permanent nature.

(2) An asset belonging to a licensee in terms of subsection (1)—

(a) may not be attached or taken in execution under any process of law, or be the subject of any insolvency or liquidation proceedings, instituted against the owner of the land, the landlord or the occupier of the premises concerned;

(b) may not be subjected to a landlord's hypothec for rent; and

(c) may only be validly disposed of or otherwise dealt with in terms of a written agreement with the licensee.

Rights over streets

25. (1) *(a)* A licensee may do all such things over, in or along roads or streets and associated infrastructure as may be necessary to carry out its licensed activities.

(b) Any activity contemplated in paragraph *(a)* must be undertaken subject to the right of supervision and in accordance with the plans, routes and specifications of the authority or person in control of that street, except in cases of emergency or where the authority concerned fails or refuses to co-operate with the licensee.

(2) A licensee may only exercise its rights in terms of subsection (1) to the extent necessary to carry out its licensed activities, and must in doing so—

(a) comply with any laws or by-laws that may be applicable;

(b) complete its activities within a reasonable time; and

(d) amalungelo nezibopho, zalabo abebekade bekhona nabaqalayo ukusebenzisa lezi zinhlelo zamandla;

(e) ukulandela izimiso indlela yokuziphatha, yilowo ohambisa izinto ngokomthetho; noma

(f) imali engabizwa yilowo onelayisense ngokusebenzisa lezi zinhlelo zamandla.

(5) Onelayisense angeke akwazi ukwehlisa noma amise ukunikezwa kogesi kubathengi, ngaphandle uma—

(a) umthengi engasenamali;

(b) umthengi ehlulekile ukuhlonipha noma enqabile ukuthi kwenziwe isivumelwano mayelana nokunikezwa kukagesi; noma

(c) umthengi wenze okuphambene nalokho okwakuvunyelenwe ngakho mayelana nokukhokhela leyo layisense kagesi.

Imvume yonelayisensi yokungena nokuhlola

23. (1) Noma yimuphi umuntu onegunya elibhaliwe kodwa engonelayisensi ngaso sonke isikhathi esifanele ungena kunoma iyiphi indawo lapho ugesi unikezwa noma ubukade unikezwa yilowo onelayisensi, ukuze azohlola olayini, amamitha, imishini, ukusebenza kanye nezinto zokusebenza okungezakhe, noma ngenhloso yokuhlola ikhwalithi kagesi osetshenzisiwe, noma lapho ukunikezwa kukagesi kungasadingeki, noma lowo onelayisense enganqamula ukunikeza kukagesi, ngenhloso yokususa olayini, amamitha, imishini, ukusebenza kanye nezinto zokusebenza okungezakhe lo onelayisense.

(2) Noma yimuphi umuntu ofuna ukungena kule ndawo ngokwesiqeshana (1) uyokwenza lokhu:

(a) uma kunokwenzeka uzokwenza amalungiselelo nomuntu ohlala lapho ngokomthetho noma umnikazi wendawo ngaphambi kokungena kuleyo ndawo, futhi kumele alandele zonke izindlela zokuphepha , uma lowo ohlalayo noma oiminikazi wendawo:

(b) okhombise lokho okumgunyazayo uma ecelwa yinoma yimuphi umuntu othintwa yilokho okuzokwenziwa.

(3) Noma yini eyolimala edalwa ukungena, ukuhlola noma ukususwa kokuthile kumele ikhandwe noma ikhokhelwe yilowo onelayisense.

Ingqalasizinda kagesi, hhayi okumi ngqi okungasuki

24. (1) Noma yini ekungeyalowo onelayisense eyakhiwe ngokusemthethweni, esetshenzisiwe, ebekiwe, eshayelelwe ngokothetho emhlabeni noma endaweni okungeyona eyomuntu onelayisense, ihlala ingeyomuntu onelayisense, ngale kokuthi leyo mpahla ingaba ngemi ngqi engasuki noma ihleli kuleyo ndawo unomphela.

(2) Impahla okungeyalowo onelayisensi ngokwesiqeshana (1)—

(a) ngeke ithathwe noma idliwe ngaphansi kwanoma yimuphi umthetho, noma iphatheke kunoma isiphi isimo sokudliwa kwempahla, okubekwe umnikazi womhlaba, umninizwe noma lowo ohleli kulowo mhlaba okukhulunywa ngawo;

(b) ngeke akhokhiswa irenti emba eqolo ngumninikazi wendawo; kanye

(c) ngeke ingalahlwa ngaphandle kokuthi kukhulunywe ngayo nonelayisense esivumelwaneni esibhaliwe.

Amalungelo amayelana nemigwaqo

25. (1)*(a)* Onelayisensi angenza zonke lezi zinto, emigwaqeni, nesengqalasizindeni ehambisana nayo njengoba kungaba nesidingo sokwenza imisebenzi eselayisensini.

(b) Noma imuphi umsebenzi owodwa ehlongozwe esigabeni *(a)* kumele iqhutshwe uma kungukuthi amalungelo okulawula ayahambisana namapulani, izindlela kanye nalokho okuchazwe iziphathimandla noma umuntu owengamele leyo migwaqo, ngaphandle uma kunezimo eziphuthumayo, noma lowo oyisiphathimandla ehluleka noma enqaba ukulandela imigomo yelayisense.

(2) Onelayisensi angasebenzisa amalungelo akhe ngokwesiqheshana (1) alingana nemisebenzi ebekiwe elayisensini, ngokwenza lokhu—

(a) alandele imithetho noma imithetho kamasipala ebekiwe;

(b) aqedela imisebenzi ngesikhathi esifanele; kanye

(c) repair any damage caused or reimburse the person or authority in control of that road or street for any damage caused.

(3) Nothing in this section may be construed as giving a licensee any rights that it does not already have in terms of its licence, or relieving a licensee from any liability in respect of any loss or damage caused by its negligence.

(4) For the purposes of this section 'street' includes any square or enclosed public place the control or care of which is vested in any person or authority.

Liability of licensee for damage or injury

26. In any civil proceedings against a licensee arising out of damage or injury caused by induction or electrolysis or in any other manner by means of electricity generated, transmitted or distributed by a licensee, such damage or injury is deemed to have been caused by the negligence of the licensee, unless there is credible evidence to the contrary.

Expropriation

27. (1) The State may, in order to facilitate the achievement of the objectives of this Act, expropriate land, or any right in, over or in respect of land, on behalf of a licensee in accordance with section 25 of the Constitution and section 2 of the Expropriation Act, 1975 (Act No. 63 of 1975).

(2) The Minister must prescribe the procedure to be followed in giving effect to subsection (1).

(3) The State may exercise the powers contemplated in subsection (1) only if—

(a) a licensee is unable to acquire land or a right in, over or in respect of such land by agreement with the owner; and

(b) the land or any right in, over or in respect of such land is reasonably required by a licensee for facilities which will enhance the electricity infrastructure in the national interest.

CHAPTER IV

*****

CHAPTER V

RESOLUTION OF DISPUTES AND REMEDIES

Resolution of disputes by Regulator

42. (1) The Regulator must, in relation to any dispute arising out of this Act—

(a) if it is a dispute between licensees, act as mediator if so requested by both parties to the dispute;

(b) if it is a dispute between a customer or end user on the one hand and a licensee, registered person, a person who trades, generates, transmits, or distributes electricity on the other hand, settle that dispute by such means and on such terms as the Regulator thinks fit.

(2) The Regulator may appoint a suitable person to act as mediator on its behalf and any action or decision of a person so appointed is deemed to be an action by or decision of the Regulator.

(3) The Minister must prescribe the procedure to be followed in the mediation and the fees to be paid.

(4) The mediation or arbitration in terms of this section is done at the request of the parties to the dispute and no decision of the Regulator or the person contemplated in subsection (2), taken in the course of the mediation process, must be regarded as a decision contemplated in section 10(3) or (4) of the National Energy Regulator Act.

(c) nokulungisa umonakalo owenzekile noma ukubuyisela abantu imali noma isiphathimandla esengamele lowo mgwaqo okwenzake umonakalo kuwona.

(3) Ayikho into ekulesi siqephu engashintshwa ngokuthi inike onelayisense noma yiliphi ilungelo anganalo ngokwesimiso selayisense noma imkhiphe onelayisense ekutheni avume ukonakala noma ukulahlekelwa yimpahla ngenxa yobudedengu bakhe.

(4) Ngenxa yenhloso yalesi sigaba igama ''imigwaqo'' libandakanya noma yini eyisikwele noma indawo yomphakathi evalekile ukuphathwa kwayo noma ukunakekelwa kwayo okusezandleni zanoma imuphi umuntu noma isiphi isiphathimandla.

Icala lomuntu onelayisense uma kunomonakalo noma kulinyelwe

26. Kunoma ikuphi ukuqulwa kwecala okumangalelwe kulona onelayisense okudalwe ukulimala noma umonakalo odalwe ukubanjwa ugesi noma ngayiphi indlela yokuphehlwa kukagesi, yokwethulwa nokwabiwa kukagesi ilowo onelayisensi, lowo monakalo noma ukulimala kubonakala njengodalwe ubudedengu balowo onelayisense, ngaphandle uma kukhona ubufakazi obukunqabayo lokhu.

Ukuphucwa kwempahla ngokomthetho

27. (1) UHulumeni angakwazi ukuphanga umhlaba, noma yiliphi ilungelo elihambisana nomhlaba, egameni lomuntu onelayisense ngokwesiqephu 25 soMthethosisekelo kanye nesiqephu 2 we-*Expropriation Act*, 1975 (Act No. 63 of 1975), ukuze aqiniseke ukuzuzeka zonke izinjongo

(2) UNgqongqoshe kumele anqume izinqubo ezizolandelwa ukuze kusebenze isiqeshana (1).

(3) UHulumeni angasebenzisa amandla okukhulunywe ngawo esiqeshaneni (1) kuphela uma—

(a) onelayisense engakwazi ukuthola umhlaba noma ilungelo kulowo mhlaba othize ngokuvumelana nomnikazi womhlaba; kanye

(b) umhlaba noma nanoma yiliphi ilungelo kulowo mhlaba lidingwa yilowo onelayisense yokuyisebenzisa ezintweni ezizokhuphula izinga lengqalasizinda kagesi okuzosiza izwe lonke.

ISAHLUKO IV

* * * * * *

ISAHLUKO V

IZIXAZULULO ZEMIBANGO EZENZIWA IREGULATOR

Izinqumo, ezimayelana nemibango, ezithathwe yilowo ohambisa izinto ngokomthetho

42. (1) *iRegulator* kumele, kuhambisana nokungaboni ngasolinye okusukela kulo Mthetho—

(a) uma kungumbango uphakathi kwalabo abanamalayisense, abe uma ecelwe yilabo abangezwani; kanye

(b) uma umbango uphakathi komthengi nonelaysense, nomuntu obhalisiwe, nomhwebi, nomphehli kagesi nomethuli noma nomabi kagesi, axazulule lowo mbango ngokusemandleni ache nangendlela ayibonayo ukuthi ifanele.

(2) UMlawuli angaqoka umuntu ofanele ukuthi abe ngumxazululi noma kube nguye olingisa lengxabano emele yona nokuthi nanoma yisiphi isenzo noma isinqumo esithathwa yilo muntu oqokiwe sithathwa njengesenzo noma isinqumo soMlawuli.

(3) UNqongqoshe kumele asho inqubo okumele ilandelwe ngesikhathi kuxoxwa ngesixazululo nangendlela yokulungisa ingxabano nemali okumele ikhokhwe.

(4) Ukuxazulula ingxabano ngokwalesi siqephu kwenziwa uma abaphakathi engxabanweni befaka isicelo ngaloku futhi asikho isinqumo sikaMlawuli noma somuntu okukhulunywe ngaye esiqeshaneni 2, esithathwe ngesikhathi kuqhubeka izingxoxo zokusombulula ingxabano, esingathathwa njengesinqumo esibalulwe esiqephini 10 (3) noma esiqephini (4) somthetho i*National Energy Act*.

Remedies against decisions of Regulator

43. Section 10(3) of the National Energy Regulator Act applies to every decision by the Regulator taken in terms of this Act, except where this Act provides otherwise or where the Regulator sits as a tribunal, in which case section 10(4) of that Act applies.

CHAPTER VI

INVESTIGATIONS

Investigations

44. (1) The Regulator must, in applicable circumstances, at its own instance or on receipt of a complaint or inquiry relating to the generation, transmission, distribution or trading, investigate complaints—

(a) of discrimination regarding tariffs or conditions of access;

(b) if a licensee is involved, of failure to abide by its licensing conditions; or

*****

(2) On receipt of a report under subsection (1), the Regulator may institute a formal investigation.

(3) Upon instituting a formal investigation under subsection (2)—

(a) the Regulator may appoint a person to chair the investigation and as many persons as may be necessary to assist with the investigation;

(b) the person appointed under paragraph *(a)* and the persons assisting him or her may summon witnesses and conduct the investigation in the prescribed manner.

(4) On completion of the investigation under subsection (3) the person chairing it must submit his or her written report thereon to the Regulator.

(5) On receipt of the report, the Regulator may—

(a) refer the report to the Director of Public Prosecutions of the area concerned;

(b) if a licensee is involved, act on the matter in accordance with section 19(2); or

*****

CHAPTER VII

GENERAL PROVISIONS

Entry, inspection and information gathering by Regulator

45. (1) For the purposes of this Act, any person authorised thereto in writing by the Regulator may—

(a) at all reasonable times enter any property on which any activity relating to the supply of electricity is taking place to inspect any facility, equipment, machinery, book, account or other document relating to electricity found thereat; and

(b) require any person to furnish to the Regulator such information, returns or other particulars as may be necessary for the proper application of this Act.

(2) The Regulator may require that the accuracy of any information, return or particular furnished under subsection (1) be verified on oath or by way of solemn declaration.

(3) A person authorised by the Regulator must on request show his or her authorisation.

New generation capacity

46. (1) The Minister may, in consultation with the Regulator—

(a) determine that new generation capacity is needed to ensure the continued uninterrupted supply of electricity;

Amakhambi okusombulula angahambisani nezinqumo zalowo ohambisa izinto ngokomthetho

43. Isiqephu 10(3) se*National Energy Regulator Act* sisebenza kuleso naleso sinqumo esithathwe nguMlawuli ngokulandela lo Mthetho ngaphandle uma lo Mthetho usho okunye noma lapho uMlawuli ehleli lapho kuthethwa khona icala, uma kunjalo umthetho wesiqephu 10(4) walowo Mthetho uyasebenza.

ISAHLUKO VI

UPHENYO

Uphenyo

44. (1) i*Regulator* kumele, ezimweni ezifanele, uma ebona noma uma ethola isikhalazo noma imibuzo ephathelene nokuphehlwa kwamandla kagesi, nokwethula nokwaba noma nokuhweba ngogesi, ayophenya ngezikhalazo—

(a) zokubandlulula okumayelana nohlelo lwemali noma nezimo ezimayelana nokuthola zokungena ezindaweni ezithize;

(b) ezimayelana nokwehluleka kwalowo onelayisense ukuhlonipha imigomo abekelwe yona elayisenseni; noma

* * * *

(2) Uma kutholwa isikhalo esisesigabeni (1) uMlawuli angaqalisa ngophenya olusemthethweni.

(3) Uma sekuqaliswa nophenyo olusemthethweni ngaphansi kwesiqeshana (2)—

(a) uMlawuli angaqoka umuntu ozoba ngusihlalo walolu phenyo nabanye abantu abangaba noma bangaki inqobo nje uma bedingeka ekuphenyeni.

(b) umuntu oqokiwe ngaphansi kwesigaba *(a)* nabantu abamsizayo bangabiza ofakazi bese beqhuba uphenyo ngendlela abanqunyelwe yona.

(4) Ekuqedweni kophenyo ngaphansi kwesiqeshana (3) umuntu ongusihlalo wophenyo kumele alethe umbiko obhaliwe ngalo ozoya kuMlawuli.

(5) Ekutholeni umbiko, uMlawuli angenza lokhu—

(a) angadlulisela umbiko ku*Director of Public Prosecutions* waleyo ndawo;

(b) uma lo onelayisense ebandakanyeka, angenza njengoba kubekiwe esiqeshini 19(2); noma

* * *

ISAHLUKO VII

OKUNYE OKUNQUNYIWE

Ukungena, uhlola nokuqoqwa kolwazi yilowo Regulator

45. (1) Ngokwenhloso yalo Mthetho noma yimuphi umuntu ogunyazwe lapha ngokushicilelwe phansi nguMlawuli angenza lokhu:

(a) ngaso sonke isikhathi esamukelekile angangena kunoma yisiphi isakhiwo lapho kusetshenzwa khona ngokuhambisa ugesi ukuzohlola izinto zokusebemnza, izimpahla zokusebenza, imishini, amabhuku, i-akhawunti noma eminye imibhalo ehambisana nogesi otholakala lapho; kanye.

(b) angacela noma ubani ukuba anikeze uMlawuli lolo lwazi noma eminye imininingwanme engadingeka uukuthi kusetshenziswe lo Mthetho.

(2) UMlawuli angadinga ukuthi ubuqiniso banoma yiluphi ulwazi noma imininingwane eyethulwe ngaphansi kwesiqeshana (1) ukuba ihlolisiswe ukuthi iyiqiniso ngaphansi kwesifungo noma ngendlela ye *solemn declaration.*

(3) Umuntu onikezwe amandla okulawula nguMlawuli woGesi kufanele uma ecelwa aveze lawo mandla;

Uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi

46. (1) uNgqongqoshe angakwazi ukuthi ethinene noMlawuli angakhipha kwi*Gazzette*

(a) aveze ukuthi uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi luyadingeka ukuqiniseka ukuthi uknikwezwa kukagesi kuyaqhubeka akuphazamiseki

(b) determine the types of energy sources from which electricity must be generated, and the percentages of electricity that must be generated from such sources;

(c) determine that electricity thus produced may only be sold to the persons or in the manner set out in such notice;

(d) determine that electricity thus produced must be purchased by the persons set out in such notice;

(e) require that new generation capacity must—

(i) be established through a tendering procedure which is fair, equitable, transparent, competitive and cost-effective;

(ii) provide for private sector participation.

(2) The Minister has such powers as may be necessary or incidental to any purpose set out in subsection (1), including the power to—

(a) undertake such management and development activities, including entering into contracts, as may be necessary to organise tenders and to facilitate the tendering process for the development, construction, commissioning and operation of such new electricity generation capacity;

(b) purchase, hire or let anything or acquire or grant any right or incur obligations for or on behalf of the State or prospective tenderers for the purpose of transferring such thing or right to a successful tenderer;

(c) apply for and hold such permits, licences, consents, authorisations or exemptions required in terms of the Environmental Conservation Act, 1989 (Act No. 73 of 1989) or the National Environmental Management Act, 1998 (Act No. 107 of 1998), or as may be required by any other law, for or on behalf of the State or prospective tenderers for the purpose of transferring any such permit, licence, consent, authorisation or exemption to a successful tenderer;

(d) undertake such management activities and enter into such contracts as may be necessary or expedient for the effective establishment and operation of a public or privately owned electricity generation business;

(e) subject to the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999), issue any guarantee, indemnity or security or enter into any other transaction that binds the State to any future financial commitment that is necessary or expedient for the development, construction, commissioning or effective operation of a public or privately owned electricity generation business.

(3) The Regulator, in issuing a generation licence—

(a) is bound by any determination made by the Minister in terms of subsection (1);

(b) may facilitate the conclusion of an agreement to buy and sell power between a generator and a purchaser of that electricity.

(4) In exercising the powers under this section the Minister is not bound by the State Tender Board Act, 1968 (Act No. 86 of 1968).

Regulations, rules, guidelines, directives and codes of conduct and practice

47. (1) The Regulator may, after consultation with—

(a) licensees;

*****

(c) such other interested persons as may be necessary,

make guidelines and publish codes of conduct and practice, or make rules by notice in the *Gazette*.

(2) Without derogating from the general nature of subsection (1), guidelines and codes of conduct and practice may relate to—

(a) the relationship between licensees and customers and end users;

(c) performance objectives and the setting, approving and meeting of performance improvement targets;

(d) codes of practice relating to the operation, use and maintenance of transmission and distribution power systems;

(e) any other ancillary or administrative matter appropriate for the proper implementation of this Act.

(b) ukuthola izinhlobo zemithombo yamandla ekumele kutholwe kuphehlwe ugesi kuyona kanye namaphesenti kagesi okumele aphehlwe kuyona

(c) ukuthola ukuthi ugesi okhiqizwe ungadayiselwa abantu noma ungadayiswa ngendlela ebekiwe kuleso saziso;

(d) ukuthola ukuthi ugesi okhiqizwe ungadayiswa kubantu abashiwo kuleso saziso;

(e) angadinga ukuthi uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi kumele—

(i) lusungulwe ngokulandela inqubo yokufakwa kwethenda eyamukelekile, ekhombisa ukulingana, ekhanyayo enokuncintisana nengadli imali eningi;

(ii) inika ithuba nezinkampanini ezizimele/ zangaphandle.

(2) UNgqongqoshe unamandla angaba nesidingo noma alokho okwenzeka ngenhloso ethile ebekwe esiqeshaneni (1) kubandakanya namandla oku—

(a) -qhuba imisebenzi yokuphatha nokuthuthukisa engaba nesidingo ukuqhuba inqubo ukuhlela amathenda nokuhambisa inqubo yokufakwa kwamathenda , ukwakha nokunokuqhutshwa kohlelo olusha lokuphehla amandla kagesi

(b) -thenga; ukuqasha nokuqashisa nganoma yini noma ukufuna nokunikeza ilungelo likaHulumeni noma lowo ofake ithenda ngenhloso yokudlulisa izinto ezinjalo noma ilungelo kulowo othole ithenda

(c) -faka isicelo nokuthola imvume, ilayisense, imvume noma igunya noma ukukhululwa njengoba kubekiwe kwi-*Environmental Conservation Conservation Act 1989 (Act No. 73 of 1989)* noma kwi-*National Environmental Management,Act, 1998 (Act No. 107 of 1998)*, noma njengoba kudingwa yinoma yimuphi omunye umthetho, kaHulumeni noma omelet uHulumeni ngenhloso yokudlulisa izinto ezinjalo noma ilungelo kulowo othole ithenda.

(d) Ukwenza leyo misebenzi yokuphatha nokungena ezivumelwaneni ezinjalo njengoba kungaba nesidingo noma kufanele kusunguleni nasekusebenzeni ebhizinisini lokuphehlwa kwamandla kagesi eliphethwe ngumphakathi noma elizimele.

(e) Ngokulandela i-*Public Finance Management Act, 19999 (Act No. 1 of 1999)*, akhiphe igaranti, isivikelo noma ukuphephe okuthile uma engena kunoma yimuphi umsebenzi/noma isiphi isivumelwano esihlanganisa uHulumeni nanoma yisiphi isimo esimayelana nemali esifanele noma esidingekayo ukuthuthukisa, ukwakha, ukuyalela noma ukusebenza ebhizinisini lokuphehlwa kwamandla kagesi eliphethwe ngumphakathi noma elizimele.

(3) UMlawuli uma ekukhipheni ilayisense—

(a) unyazelwe yinkulumo eyenziwe nguNgqongqoshe ngokwesiqeshana (1)

(b) angaqhuba isivumelwano sokuthenga nokudayisa amandla phakathi komphehli nomthengi kagesi.

(4) Ekusebenziseni amandla ngaphansi kwalesi siqephu, uNgqongqoshe akaphoqIwe ngumthetho i-*State Tender Board Act, 1968 (Act No. 86 of 1968).*

Imithetho, izimiso, izinqubomgomo, iziyalo nendlela yokuziphatha nokuqhuba umsebenzi.

47. (1) UMlawuli angakwenza lokhu emuva kokuthintana,

(a) nabanamalayisensi

* * * *

(c) nabantu abakhombisa uthando kulo msebenzi njengoba kungaba nesidingo, sokwenza izinqubomgomo nokushicilela indlela yokuziphatha nokwenza ukwenza imithetho ngokufaka isaziso *kuGazethi.*

(2) Ngaphandle kokuhlambalaza ngokokuma kwesigatshana (1), izinqubomgomo kanye nendlela yokuziphatha kanye nokusebenza kungahambisana—

(a) nobudlwelane phakathi konelayisense nomthengi;

(b) nendlela zokufaka izicelo zelayisense;

(c) ukushicilelwa kwezikhangiso yilabo abanamalayisensi nalokho okuqukethwe kuzona izikhangiso;

(d) nenqubo ezolandelwa ukubheka isicelo selayisense kanye nemibandela yamalayisense nanoma yimaphi izimo ezizobekwa ngaphezu kwaleyo edingeka ngaphansi kwalom mthetho;

(e) nenqubo ezolandelwa nguMlawuli ekuchibiyeleni, ekuchiteni nasekuvuseleleni ilayisensi nase zimweni lapho imibandela yelayisensi ingahlonishwa

(3) Without derogating from the general nature of subsection (1), rules may relate to—

(a) the keeping of information, the rendering of returns and the period for and format in which information must be kept, as well as the persons or institutions it must be rendered to;

(b) standards of quality of supply and service;

(c) the operation, use and maintenance of transmission and distribution power systems;

(d) trading;

(e) technical and safety standards;

(f) the form and manner of applying for licences;

(g) publishing of advertisements by licensees and the contents thereof;

(h) the form and manner of applying for and the fees payable on application for licensing and registration;

(i) the fees to be paid in respect of mediation and the settlement of disputes;

(j) the setting of a framework for the determination of the period of validity of licences, criteria for the transfer and renewal of licences and the transfer or use of assets on a licence lapsing, including the ownership thereof;

(k) any other ancillary or administrative matter for which it is necessary to make rules for the proper implementation of this Act.

(4) The Minister may, by notice in the *Gazette*, make regulations regarding—

(a) activities that have to be licensed or registered and the classification of licences into categories and sub-categories;

(b) norms and standards relating to quality of supply;

*****
*****

(m) new generation capacity;

(n) the types of energy sources from which electricity must be generated;

(o) the percentages of electricity that must be generated from different energy sources;

(p) the participation of the private sector in new generation activities;

(q) the setting of standards relating to health, safety and environment and the incorporation thereof into licences or national norms and standards;

(r) the prohibition of certain practices in the electricity supply industry;

(f) nenqubo okumele ilandelwe uma kuphenywa;
(g) nenqubo ezolandelwa ukukhombisa onelayisense izindlela zokuhlangabezana nezibopho zomunye onelayisensi;
(h) nendlela yokufaka isicelo nemali ekhokhwayo uma kufakwa isicelo sokubhaliswa;
(i) Inqubo ezolandelwa nemali ezokhokelwa ukuxazulula imibango;
(j) Inqubo ezolandelwa uma kubuzwa noma kuphenywa kubandakanya nendlela yokubiza nokulethwa kwemibhalo nobufakazi bomlomo ubufakazi nezinto ezihambelana nalokhu
(k) ukuhlela uhlaka oluzonquma isikhathi sokusebenza kwelayisense, imigomo yokudlulisela ilayisense komunye neyokuvuselela ilayisense, kanye nokudlulisela komunye ukusetshenziswa kwezinto uma kuphela ilayisense kubandakanya nobunini bayo;
(l) nezinjongo zokusebenza nohlelo lokwamukela nokugunyaza amathagethi okuthuthuka nokusebenza;
(m) nekhodi yokusebenza ihambelana nekusebenzisa nokuphatha kokukhombisa nokushabalisa izinhlelo zamandla;
(n) nezinye izinto ezisizayo, ezimeni zokuphatha ezihambisana nokusetshenziswa kwalo Mthetho.

(3) Ngaphandle kokuhlambalaza ngokokuma kwesiqeshana (1), imithetho ingahambisana nalokhu:

(a) Ukugcina ulwazi, ukugenisa kwenzuzo, nohlelo imininingwane okumele igcine ikulo, kanye nabantu noma izindawo ezoyiswa kuzona;
(b) Izinga eliphezulu lokunikeza ugesi kanye namasevisi asezingeni eliphakeme;
(c) Ukusebenza, ukusebenzisa nokuphatha izinhlelo zokwethula nokwabiwa kwamandla;
(d) Ukuhweba;
(e) amazinga okuciko nokuphepha;
(f) ezinye izinto ezimayelana nokuphatha ezidingekayo ukwenza imithetho;
(g) nenqubo ezolandelwa ukukhombisa onelayisense izindlela zokuhlangabezana nezibopho zomunye onelayisensi;
(h) nendlela yokufaka isicelo nemali ekhokhwayo uma kufakwa isicelo sokubhaliswa;
(i) Inqubo ezolandelwa nemali ezokhokelwa ukuxazulula imibango;
(j) Inqubo ezolandelwa uma kubuzwa noma kuphenywa kubandakanya nendlela yokubiza nokulethwa kwemibhalo nobufakazi bomlomo ubufakazi nezinto ezihambelana nalokhu
(k) uhlelo olusha lokuphehla amandla kagesi.

(4) UNgqongqonshe, angakwenza ngokufaka isaziso *kuGazethi*, enze imithetho emayelana

(a) nemisebenzi okumele ibe nelayisensi noma ibhaliswe nokuhlela amalayisense ngezinhlobo nezinhlotshana zawo;
(b) *(b)* amazinga okuphakelwa kukagesi nendlela zokufaka izicelo zelayisense;

* * * * * *
* * * * * *

(m) amaphesenti kagesi azophehlwa emithonjeni eyahlukene yamandla;
(n) ukuzibandakanyan kwezinkampani ezizimele ohlelweni olusha lokuphehlwa kwamandla kagesi;
(o) ukuhlela izinga elamukelekile lempilo, lokuphepha, nesimo sokuhlalisana kanye nokukufaka emalayisensini noma izindlela zokuphila zesizwe;
(p) ukuvimbela eminye imisebenzi embonini yokuhanjiswa kagesi
(q) indlela yokuvimba ukuba abantu babe namabhizinisi ndawo zonke ngokuhlanganisa abanamalayisense okuphehla, okwethula, nokwabiwa kwezimpahla;
(r) izimo uMlawuli engakhipha ilayisensi ngaphansi kwazo;

(s) the criteria for or prohibition of cross-ownership or vertical and horizontal integration by licensees in generation, transmission and distribution assets;
(u) the conditions subject to which the Regulator may issue a licence;
(v) any other matter that may or has to be prescribed in terms of this Act; and
(w) any other ancillary or administrative matter that it is necessary to prescribe for the proper implementation or administration of this Act.

(5) Before promulgating regulations contemplated in subsection (4), the Minister must—

(a) consult with the Regulator;
(b) invite public comments on the proposed regulations; and
(c) duly consider the comments received.

Repeal of laws and savings

48. (1) Subject to subsections (2) and (3), the laws specified in Schedule 1 are hereby repealed or amended to the extent set out in the third column of that Schedule.

(2) Anything done by the National Electricity Regulator in terms of the Electricity Act, 1987, prior to the commencement of this Act, and which may validly be done by the Regulator in terms of this Act, is deemed to have been done in terms of this Act.

(3) Licences issued in terms of the Electricity Act, 1987, or that are deemed to have been issued in terms thereof prior to the commencement of this Act, continue in force as if they had been issued in terms of this Act: Provided that—

(a) such licences lapse on a date determined by the Minister by notice in the *Gazette*;
(b) the Regulator is obliged to issue substituting licences to the licensees concerned, in accordance with this Act, prior to such licences lapsing; and
(c) conditions imposed in terms of substituting licences issued under paragraph *(b)* may not be more onerous in their application than those of the licences they replace.

(4) The Minister may, after consultation with the Regulator and any person who may be affected thereby, amend Schedule 2 by notice in the *Gazette*.

Short title and commencement

49. (1) This Act is called the Electricity Regulation Act, 2006, and comes into operation on a date fixed by the President by proclamation in the *Gazette*.

(2) Despite subsection (1), section 46 must be regarded as having come into operation on 1 December 2004.

(s) ezinye izinto ezingakhishwa noma ezikhishiwe ngokwa lo Mthetho; kanye

(t) nezinye izinto ezisizayo nezindaba okunesidingo sokuthi zikhishwe ukuze kuqaliswe kahle noma kuphathwe kahle lo Mthetho

(5) Ngaphambi kokwazisa ngemithetho ehlongozwe esiqeshaneni (4) uNgqongqoshe kumele—

(a) athintane noMlawuli;

(b) ameme umphakathi ukuthi uphawule ngemithetho ehlongozwayo/ephakanyiswe; kanye

(c) abheke ukuthi uphakathi uphawula uthini.

Ukwesulwa kwemithetho nokuyibuyisa

48. (1) Ngokwesiqeshana (2) no(3) imithetho ekhishwe uHlelweni 1 iyasuswa nomaiyachitshiyelwa ngokwezinga elibekiwe ekholomini yesithathu kuleliHlelo.

(2) Noma yini eyenziwe yiNatonal Electricity Regulator ngokomthetho weElectricity Act of 1987 ngaphambi kokuqala lo mthetho, futhi engenziwa ngokomthetho nguMlawuli ngokomthetho, ibhekeke sengathi yenziwe ngaphansi kwalo Mthetho.

(3) Amalayisense akhishwe ngokomthetho we-Electricity Act 1987, noma ekhishwe ngaphambi kokusebenza kwalo Mthetho ayaqhubeka asebenze kube sengathi nawo akhishwa ngokwalo Mthetho: Uma kungukuthi—

(a) ilayisense ayisebenzi ngosuku olubekwe nguNgqogqoshe ngesaziso sikuGazethi

(b) uMlawuli uphoqelekile ukukhipha ilayisense ezongena esikhundleni sale layisense, akhiphele lowo onelayisense, okuhambelana nalo mthetho ngaphambi kokuvalwa kwelayisensi kanye,

(c) imibandela equnyiwe mayelana nokufaka ilayisense esikhundleni selinye, ekhishwe ngaphansi kwesigaba *(b)* akumele iqhakambiswe kunalowo malayisense afakwe esikhundleni sawo

(4) UNgqongqoshe angakwazi ukuchibiyela uHlelo ngokufaka isaziso *kuGazethi,* emuva kokuba esexoxisene noMlawuli nanoma yiphi omunye umuntu okumthintayo lokhu.

Izihloko ezimfushane nezinsuku zokuqala ukusebenzisa imithetho

49. (1) Lo mthetho ubizwa nge Electricity Regulation Act 2006 uqala ukusebenza ngelanga eliyoshiwo nguMongameli *kuGazethi.*

(2) Ngaphandle kwesiqeshana (1) isiqephu 46 singathathwa njengesiqephu esesisebenze kusuka ngomhlaka Disemba 2004

SCHEDULE 1

REPEAL, AMENDMENT AND SUBSTITUTION OF LAWS

No and Year of Act	**Short Title**	**Extent of repeal, amendment or substitution**
Act No. 41 of 1987	Electricity Act, 1987	The repeal of the whole, with the exception of section 5B.
Act No. 84 of 1990	Kwa Zulu and Natal Joint Services Act, 1990	The amendment of Schedule 3 by the deletion of the item referring to the Electricity Act, 1987 (Act No. 41 of 1987).
Act No. 40 of 2004	National Energy Regulator Act	1. The substitution in section 4(1) for paragraph *(c)* of the following paragraph: ''*(c)* **[with effect from a date determined by the Minister by notice in the *Gazette*]** undertake the functions **[of the National Electricity Regulator as]** set out in section 4 of the **[Electricity Act.]** Electricity Regulation Act, 2006''. 2. The deletion of subsection 4(2). 3. The substitution in section 7(1) for paragraph *(d)* of the following paragraph: ''*(d)* materially fails to perform any duty imposed on him or her in terms of this Act, **[Electricity Act]** the Electricity Regulation Act, 2006, the Gas Act or the Petroleum Pipelines Act;''.

SCHEDULE 2

EXEMPTION FROM OBLIGATION TO APPLY FOR AND HOLD A LICENCE

1. Any generation plant constructed and operated for demonstration purposes only and not connected to an inter connected power supply
2. Any generation plant constructed and operated for own use
3. Non-grid connected supply of electricity except for commercial use

UHLELO 1

UKUSUSWA, UKUCHIBIYELWA NOKUSHINTSHWA KWEMITHETHO

Inombolo Nonyaka woMthetho	**Isihloko Esifushane**	**Indlela okususwe ngayo izichibiyelo noma ukufakwa kwemunye endaweni yeminye**
Act No. 41 of 1987	*Electricity Act, 1987*	Ukukhishwa kwawo wonke ngaphandle kwesiqephu 5B.
Act No.84 of 1990	*Kwazulu Natal and Joint Services Act, 1990*	Ukuchibiyelwa kweHlelo 3 ngokuthi kususwe izindawo ezikhuluma ngomthetho we-*Electricity Act, 1987 (Act No. 41 of 1987).*
Act No. 40 of 2004	*National Energy Regulator Act*	Ukushintshwa kwesiqephu 4(1) kufakwa isigaba *(c)* walesi sigaba: (1) (c) **[kusukela ngelanga elibekwa nguNgqongqoshe esazisweni se*Gazethi** senza umsebenzi we-*National Electricity Regulator* njengoba uveziwe esiqephini 4 **[se*Electrical Act*]** *Electricity Regulation Act, 2006*''. (2) Ukususwa kwesiqeshana 4(2) (3) Ukususwa kwesiqephu 7(1) wesigaba *(d)* walesi sigaba: *(d)* uhluleka ukwenza imisebenzi abekelwe yona ngokwalomthetho, **[*Electricity Act*]** *Electricity Regulation Act, 2006, the Gas Act or the Petroleum Pipeline Act*;''

UHLELO 2

UKUKHULULWA EKUZIBOPHEZELENI EKUFAKENI ISICELO SOKUBA NELAYISENSE NOKUBA NELAYISENSE

(1) Noma yisiphi isizinda sokuphehla amandla kagesi esakhelwe futhi esisetshenziselwa inhloso yokubukisa.

(2) Noma yisiphi isizinda sokuphehla amandla kagesi esakhelwe futhi ukusetshenziswa ngumnikazi waso

(3) Uhlelo lokuhambisa ugesi olungaxhunyanisiwe ngezintambo zogesi

PRINTED BY CREDA COMMUNICATIONS, CAPE TOWN, FOR THE GOVERNMENT PRINTER, PRETORIA, TEL. (012) 334-4507, 334-4511, 334-4509, 334-4515—100